**SBS Collection: Tape 10, A229**
**SiSwati Typescript: Bongani Mkhatshwa, notebook 4**
**Ndwandwa [Zwide History]**

**Typescribed by:** Nokuthula Vilakati for FHYA

**Date:** 23 May 2023

**Key to FHYA typescriber's conventions:**

- Where the typescriber edits/amends the original text, the edited/amended text appears in grey.
- The audio-tape counter numbers from the original text appear in square brackets, justified Left, and pertain to the text below them.
- The page numbers of the original text appear in square brackets, justified Right, and pertain to the text below them.
- The footnotes which appear on the left-facing page of the original text have been added at the bottom of each typed page. The numbering of the original notes has been retained.
- Where the typescriber is unsure of a word, the word is placed within square brackets and a question mark. [word?]
- Where word/s are illegible, the illegible word is replaced with square brackets and a question mark. [?]
- Endnotes appear in grey, within square brackets on the last page of the document. They comprise the typescriber's notes regarding their editorial interventions. Endnote numbering is in Roman numerals.

**INTERVIEWED AT**: SBS, Mbabane
**DATE:** N/D
**[1] INFORMANT:** Bongani Mnguni (BM)
[2] Interviewer Dumisa Dlamini (DD)

yaniqilikela

[B.M] akusibo buqili

[D.D] babuka kutsi nitawutsi ningahlangana, nani-

hlangana ngesifuba bese kuyonakala.

[B.M] ya, akusibo bucili

[D.D] ya, basebatsi kasikhweshe kancane

sibaqedzemandla

[B.M] Cha, akusibo bucili

[D.D] Ngilalele, Mnguni

[B.M] Kube man'abashisanga kudla wena Dlamini, ngasiyayivu-

ma. Loku lokwenza kuthi singayivumi kwashi-

swa nakudla; ngikoke thina sike siyikhanu-
ke nje kuthi, kungathi zingake sesibuyelane.

[D.D] usho njalo?

[B.M] e.e Kungathi zingake seyibuyelane, kungathi zingake seyibuyelane.

[D.D] ayikhona asendlule, Mnguni, asesichubeke

[B.M] e.e asendlule, ngoba ngazuthi ingasuke ingiphathe kabike nawukhuluma kanjalo.

[D.D] asichubeke nayo

[B.M] sebashisa ke, bashisa lokudlake, bashisa lokudla ke, bashisa lokudlake, bashisa lokudla ke …, Sekutholakala kuthi asisenakudla ke thina ke, sebasishisele kudla; ngukoke njelapha sifike bese siyaba diskhwalifaya khona, kuthi cha, beniyiwinile yona. Kodwa kube kukhona umuntu oyiqhawe mpela, angatidiskhwalifaya lento ayisebenzi.

[D.D] Ngilalele Mnguni

[B.M] into engasebenzi, ya ngani ngoba sesihla-ngana nabonje thina asinakudla, keph'uthi lomlando sashayana nabo iyinsukezinti

[D.D] Nibambene?

[B.M] e-e; sesinganakudla

[D.D] busuku nemini?

[B.M] aku! aku!

[D.D] besutsi bona?

[B.M] Oh yes; uthi lomlando kwalala idumbu nhlangothi zombili. Kwakugenqe phezu kwegazi [nhlangothi] zombili. Oh yes

[D.D] Kubunikiniki?

[B.M] Oh yes, bayazi nabo; niboke nibabuze,
kant’anibabuzi? Niyabesaba? Nibesabani?
Nesabumuntu? yini umuntu?

[D.D] lapha Kwakukha sikhali kutsi “ngadla!”

[B.M] Oh yes!

[D.D] Kuthi “ngadla!’’

[B.M] Yes!

[D.D] “ngadla!”

[B.M] Yes!

[D.D] “ngadla!”

[B.M] bathi, uthi lomlando wafisa, Shaka kubonana noSoshangane, kepha wangafisi kahle. Wathi “ngoba ngiyazi kuthi ngiyowusala lapha, kabonkunzemnyama”, sibenkunze’emnyama thina.

[D.D] e- Mntfanemnguni, Shaka abegalela Shaka ---

[B.M] e-e- bekagalela ---

[D.D] abetsi nakagalela, efikile’jaheni, ngoba abengatfumeli Shaka akufika yena matfupha.

[B.M] Kepha akafikanga kuSoshangane kepha bekhona layibothweni, wamesaba; akayanga.

[D.D] [Laughing]

[B.M] hambubabuze, uyesaba? Wo, singakubuzela thina nangawuyabesaba wena

[D.D] yeyi, uyangivisa yini lendzaba?

[B.M] Wabesaba. Wathi kanti sowufikile ku-Soshangane, wafisa ngenhliziyo; uthi lomlando wafisa ngenhliziyo, kepha angafisi ukumbona, ngoba azi ukuthi

nangahl'ambone, angahl'asale lapha;

bekakwazi loko.

[D.D] e-kukhula kwaSoshangane ---

[B.M] Hha! yayisukile emhlabathini lendoda, ingakhulanga nangomzimba kepha bathi yayibamb'inkunz'emnyama yodwana, ngiko nje bathi "inkunzemnya", sibenkunze mnyama nje thina KwaMandlakazi, inkunze mnyama KwaMandlakazi nje, yithi.

[D.D] ayibamba yedwa inkunzi lemnyama?

[B.M] Yes! Yes! ayiphakamise yedwa ayithi sibenkunzemnyama thine, inkunzemnyama. Nawufuna nje inkunzemnyama, ubofike ubuze kuthi benkunzemnyama ngubaphi, bokutshela bathi unkunzemnyama Kwa-Soshangane; benjemnyama yaKaboZwide Ko Yanga, benjemnyama leyo.

[D.D] Utangivusa lusinga MntfaneMnguni nawukhuluma kanjena.

[B.M] asiyixoxe kahle ngoba lendaba ifanelwe kubonwa bant'abadala

[D.D] asiqhubeke

[B.M] asiyikhulume kahle.

[D.D] utangivusa lusinga

[B.M] Manje ke nase kwenzeka ke, enhhe

seyisiphatha ke lempi, ke sibona kuthi cha lempiyasehlula, ngani ngoba nako njalo asisenakudla, sesingabantu nje, asisenakudla

[D.D] Sowubuyile Shaka manje?

[B.M] e-e Ukhona, hhawu sowufikile, sabona

nathi kuthi awu cha --

[D.D] akasatfumelanga, sowu --

[B.M] bekavel'akhona. Sasiduma naye nje,

bekavel'akhona, bekalaphakathi. Sake samhla

ba mosi. Wafa anelinxeba nje lethu.

Azang'abe nelinxeba kwabany'abantu,

kepha kithi wafa analo. Yes, ubokubabuze

[D.D] Shaka unalo linxeba laKaZwide?

[B.M] Yes unalo, ubokubabuze ukuthi Shaka

wabanalo yini inxeba lethu; unalo lethu;

wafa analo nje leth'inxeba, asowuthule

Dlamini, sowube liNgwane ngikuxoxele kahle, ngobe nine

MaNgwane nibantu lenithatha kahle izinto

[D.D] Ngilalele mntfanemnguni

[B.M] Manje ke yasuka. Yathi ke kube isidudule

ke impi manje, seyisithatha manje, seliya-

phuma ke lelibutho leli, bathi lindlazana,

akusilo lindlazana, wathatha lonke libutho

uSoshangane lelikhona; wamthatha nalo-

mntwana KaZwide KoLanga labathi

nguSomaphunga, wahamba naye, wehla

naye waya lenzansi. Kwathathwa nalendu-

ku yaZwide KoYanga, yabeseyinikwa

nangu uSoshangane. Nalo Zwide KoYanga

wathi bathi, bathi bona babuyele laba-

KaZulu, angisho sebahuba namahubo

abawahuba kithi

[D.D] e- lalababeweva kini

[B.M] e-e, yeboke bathi ke manje bomjuma ke manje

boze bambulale. Wasol'uZwide ukuthi "Hhayi

khona, hhayikhona, amazwi akusiwo

awami, “waphuma ---

[D.D] Wo! akengiphindze ngikuvisise kahle,

singabalekelani; titsi beti ---, tibambene nje

Zwide uvele uselekhaya?

[B.M] Usekhaya Zwide.

[D.D] Ufukeme?

[B.M] Ufukeme, Iphume nemfowabomncane

[D.D] e_tibambene lena, utsabeyive

Soshangane kuts’imatimba, akabasabuyele-

khaya?

[B.M] akabasabuyelekhaya.

[D.D] Sowuhhebhula libutfo?

[B.M] enhhe, kepha wabathatha labantwaba Zwide

KoLanga wamthatha lo

[D.D] watsi “laba bomnaketfu ngete ngabashiya.”

[B.M] ya, labo ya, wabathatha labantwabaZwide

KoYanga

[D.D] Nang’ashona nabo entansi.

[B.M] e-e bantwabomfowabo

[D.D] Ngilalele, qhubeka nayo

[B.M] Asibo bomfowa, asibo bomnakabo, banta-

bomfowabo

[D.D] Qhubeka nayo.

[B.M] Wasuyabathatha ke, sowuthatha loSomaphu-

nga sowuhamba naye. Nas’ahamba naye,

yaphuma nalenkosi yabashiya labakaMa-

geza; akubahluphanga ke bona, laba

boZwide, ukuba ubukhosi buthathwe umfo-

wabo, akuzange kumhluphe ngisho enhlizi-

yeni. Nanamhla naloku akubahluphi futhi, yeDlamini. Angizwa ukuthi nikuthathaphi lokuthi kuyabahlupha, akubahluphi bo! Bonanje inkosi labayimisa bona, bazi kuthi ubukhosi babe sebuthathwa uSoshangane, ngoba, babu vele bumsikaza, Kwaku vele kuliphosa kubekwa. Manje bona akubahluphi enhlizi-yweni yabo, ngisho noma balele labalele khona walala ngokuphumula uZwide, akukho lokwamhlupha. Kuphela nje washaya sifungo lasifunga, wathi ''ngiqinisile, ngiqinisile ngithi abantu bakwaNdwandwa abay'uwuphela; bo banje nganankha'matshe."

[D.D] Ngiseta mntfanemnguni, kukhona lapho seyingihisha khona manje. Naba laba, ekhwe-sh' uSoshanage

[B.M] enhhe.

[D.D] abaleke

[B.M] enhhe

[D.D] Sengikuva utsi sebayeta lelibutfo laShaka

[B.M] enhhe

[D.D] Selita selihlabelela letingoma tekunqoba, sebaqondze kutawuvimbetela laba,

[B.M] yeboke

[D.D] angati noma bengikuva kahle yini?

[B.M] yebo-ke, yebo-ke.

[D.D] awuqhubeke nayo khona lapho.

[B.M] Phela lapho wabe sowuyaphuma loZwide KoYanga, abazange bambamba Zwide ukumbulala, abazange bambulale. Wayiba-lekela, abazange bambulale. Azang'asabulawe

wayibalekela, wayiphumela, wayibalekela
Zwide. Akumhluphanga loku kuduka kwakhe
loyinje wasowuthatha labantwabakhe sowu
hamba nabo. Akumhluphanga loku kuduka
kwakhe.

[D.D] Utsi ke uyamkha, uyahamba uyakulela, liphi leli laya kulo?

[B.M] Hha-.. uyaphuma, hha-- uyaphuma u-Soshangane.

[D.D] Uphuma uyakuphike Soshangane?

[B.M] Uphuma uyenyuka, uyenhla, sesiya kini leMathongeni, ngob'uyithonga phela, Dlamini. Sesiphuma siyehla siya lekini. Ngiyamangala mina, asewuhlale, Dlamini, sengikuxoxele, ngoba ngiyabon'ukuthi ufun'ukwazi,

[D.D] Ngilalele

[B.M] Nawufun'ukwazi ke, thula sesikuxoxele. Ngiyamangala mina nawumuzwa bathi ngesheya koPhongolo lizwe la KaZulu, sasilitholaphi lelolizwe, lizwe laMaThonga; asizange sesibe amaThonga thina. Amathonga awubu-khosi lobamiswa wuNkulunkulu ngokwawo, asihlangani ndawo kuthi noma mhlawumbe amaThonga angabanye yini abaqhekezwa kithi, asinako thine loko. Asinako thine emlandweni wakithi loko.

[D.D] Nine kanihlangani nemaThonga?

[B.M] Chake

[D.D] Ngikhuluma ngebakaZwid' angikhulumi nebaKaZulu

[B.M] e-e

[D.D] nangikhuluma ngebaKaZulu, ngikhuluma nge-ntalelwana yaSenzangakhona.

[B.M] enhhe, akusiso nesibongo sami futhi

[D.D] Nangikhuluma ngebaKaZwide, ngikhuluma ngentalelwane yaKaZwide.

[B.M] yaKaNdwandwa

[D.D] yaKaNdwandwa

[B.M] yebo

[D.D] anihlangani nine neMaTfonga?

[B.M] Chake, nalabakaMageba --

[D.D] kodvwa nasenibaleka senibalekela ebuTfonga?

[B.M] sibalekel'ebuThonga

[D.D] liphetfwe ngubani lelasebuTfonga?

[B.M] Nasifika laphebuThonga thine silithola selithwelwe ngunaba baNgwanaza, hhayi